

USHicilelo 200  
EDITION 200

IsiZulu  
English



**Masibungaze  
ndawonye!**

**Celebrate  
with us!**



Lolu ushicilelo olukhetheke kakhulu lweSithasiselo seNalibali – ushicilelo lwama-200 futhi sibungaza iNyanga Yokufunda Nokubhala! INyanga Yokufunda Nokubhala ibungazwa ngabantu abakushisekelayo ukufunda nokubhala emhlabeni wonke. Unyaka nonyaka, ngale nyanga, iNalibali yenza umzamo okhethekile ezweni lakithi ukuqwashisa umphakathi ngendlela ukufundela izingane nokubhala kanye nazo okusekela ngayo ukuthuthukiswa kokufunda nokubhala kwazo.

This is a very special edition of the Nalibali Supplement – it's the 200th edition and we're celebrating Literacy Month! Literacy Month is celebrated by people from all over the world who are passionate about reading and writing. Every year, during this month, Nalibali makes a special effort in our country to raise awareness of how reading to and writing with children supports their literacy development.

### Ukubaluleka kokufunda nokubhala

Ukufunda nokubhala kufeza indima ebaluleke kakhulu ekuphileni kwethu. Kusisiza ukuba senze imisebenzi elula kodwa ebalulekile, njengokugcwalisa ifomu noma ukufunda iziyalezo ezisebhodloleni lomuthi. Kodwa ukukwazi ukuzifundela akuphathelene nje kuphela nokukwazi ukusebenzisa amakhono ayisisekelo okufunda nokubhala. Kumayelana nokuba namandla okusebenzisa ukufunda nokubhala ukuze ufunde izinto; uthole izindlela ezihlukahlukene zokubheka umhlaba; kanye nokuhlola izinto nokuveza lokho esikucabangayo, esikuzwayo nesikwaziyo.



### The importance of literacy

Reading and writing play an incredibly important role in our lives. They help us to do simple but important tasks, like fill in a form or read the instructions on a medicine bottle. But being literate is not only about being able to use basic reading and writing skills. It is about having the power to use reading and writing to learn; to discover different ways of seeing the world; and to explore the world and communicate what we think, feel and know.

As from Edition 196, the Nalibali bilingual supplement has been available in 11 official South African languages!

### Izingqinamba endabeni yokufunda nokubhala

Kunezizathu eziningi zokuthi kungani abantu bengafundi ukufunda nokubhala. Izizathu eziyinhloko ukuthi abanako lokho abakudingayo ukuze bafunde la makhono. Ukuze kukhuthazwe ukuthuthukiswa kokufunda nokubhala, abantu badinga imithombo ekahle, yamahhala futhi okulula ukuyithola ngezilimi abazidingayo.

### Barriers to literacy

There are many reasons why people don't learn to read and write. The main reasons are that they don't have what they need to learn these skills. To encourage literacy development, people need good, free and easy-to-find resources in their language.



### Thina sihuba kanjani?

Kusukela ngo-2012, iNalibali ibilokhu yenza ukuba izincwadi nezindaba – kanye nesithasiselo sethu esinezilimi ezimbili – kutholakale mahhala ngezilimi eziningi ezisemthethweni kwezaseNingizimu Afrika. Iwebhusayithi yethu, ethi [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org), nayo inikeza izindaba zezilimi ezihlukahlukene, imidlalo namacebiso okufundela izingane.

Ongoti bethu Bokufunda Nokubhala, abaHoli Bokufunda nabaGalisi Bezindaba basebenza ezindaweni zasemadolobheni nezaseMaphandleni ukuze balethe imithombo yamahhala yokwenza izinto kanye nokuqeqesha imiphakathi kanye nokusiza ngokuba kusungulwe amaqembu okufunda lapho.

Sicela usivakashele kuFacebook, Twitter noma ku-Instagram ukuba usitshale ukuthi yini oyicabangayo ngomsebenzi wokufunda nokubhala iNalibali ebilokhu iwenza kuze kube manje!



Please visit us on Facebook, Twitter or Instagram to let us know what you think about the literacy work that Nalibali has been doing so far!

### How are we doing?

Since 2012, Nalibali has been making books and stories – and our bilingual supplement – available free of charge in many of South Africa's official languages. Our website, [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org), also offers multilingual stories, activities and tips for reading to children.

Our Literacy Specialists, Funda Leaders and Story Sparkers work in urban and rural areas to bring free resources and training to communities and to help establish reading clubs there.



Drive your  
imagination



IT STARTS WITH  
A STORY.  
KUGALA  
NGENDABA  
EXOXWAYO.

# Izimbewu Zokufunda Nokubhala!

Izinto ezingase zenziwe yizingane ezineminyaka engu-0-6

## Literacy Seeds! Activities for children 0-6 years

Bazali nabanakekeli bezingane ezisezincane, kulolu shicilelo sizohlola ukubaluleka kokudlala nezingane zakho kanye nokuvumela izingane ukuba "ziqondise" imidlalo.

Lapho udlala nezingane zakho, kuhle ukuzivumela ukuba kube yizo ezihlayo emdlalweni. Lokhu ungakwenza ngokubuka lokho ezikushoyo noma ezikwenzayo futhi ulandelelele ukuhola kwazo ngokusho noma ukwenza izinto ezizokwenza umdlalo uqhubeka. Lokhu kuzokwenza izingane zakho ziqhubeka zivuthanda lowo mdlalo; futhi lapho izingane ziyithanda into ethile, kuvula amathuba okuthi zifunde amagama amasha namakhono.

Ukuhola entweni eziyenzayo kuzosiza nangokwakha amakhono azo okuxhumana kanye nokuzethemba ngendlela yokuthonya izinto ezizungezile.

Dear parents and caregivers of young children, in this edition we will look at the importance of playing with your children and allowing the children to "direct" the play activities.

When you play with your children, it is good to let them take the lead in the play activity. You can do this by watching what they say or do and following their lead by saying or doing things to keep the game going. This will keep your children interested in the activity; and when children are interested in something, it makes it more likely that they will learn new words and skills.

Taking the lead in an activity will also help to build their communication skills and confidence in how to influence things around them.

### Indlela yokulandela ukuhola kwengane yakho emdlalweni

- Qaphela into ingane yakho eyithandayo, into edlala ngayo, noma ethanda ukuyenza.
- Yibuze ukuthi ungayijoyina yini ekwenzeni leyonto.
- Yilingise kulokho ekwenzayo. Uma ingane yakho ikugingqela ibhola liza kuwe, ligingqe libuyele emuva.
- Buza imibuzo noma uphawule ngalokho nina nobabili enikwenzayo.
- Uma ingane yakho iqala ukwenza into ethile entsha, nawe shintshela ekwenzeni leyonto entsha.



### How to follow your child's lead in play

- Notice what your child is interested in, what they play with, or like doing.
- Ask if you can join in the activity.
- Copy what your child is doing. If your child rolls a ball to you, roll it back.
- Ask questions about or comment on what the two of you are doing.
- If your child starts doing something new, change to doing the new activity too.

### Ngisho nabantwana bangahola lapho kudlalwa.

- ★ Qaphela ukuthi yini abayibhekile bese uyisondeza kubo. Bavumele bazame ukuyibamba noma ukuyinyakazisa.
- ★ Khuluma nomntanakho. Sebenzisa ulimi oluvamile kodwa olulula. Khuluma unense, phindaphinda amagama futhi unyakazise ubuso bakho ngendlela eyeqisayo.<sup>1</sup>

<sup>1</sup> <https://www.unicef.org/parenting/child-development/baby-talk-class>



### Even babies can take the lead during play.

- ★ Notice what they look at and move the object closer to them. Let them try to hold or shake it.
- ★ Talk to your baby. Use normal but simple language. Speak slowly, repeat words and use exaggerated facial expressions.<sup>1</sup>

<sup>1</sup> <https://www.unicef.org/parenting/child-development/baby-talk-class>

### Ukudlala eqenjini

Amaqembu okudlala avame ukuhlelelwa izingane ezingakasiqali isikole nabazali bazo noma abanakekeli bazo kanye ngesonto. Izingane:

- zingajabulela ukubuka izincwadi nokulalela umculo.
- zingazama ukwenza izinto ezintsha noma amathoyizi amasha.
- zingadlala nezingane ezineminyaka yobudala obuhlukahlukene.
- zingafunda ukwenza izinto nabantu abadala abangebona abazali bazo noma abanakekeli bazo.
- zingafunda ukwabelana, ukushintshana kanye nokuzitholela abangane.



### Playing in a group

Playgroups are usually arranged once a week for children who haven't yet started school and their parents or caregivers. The children can:

- enjoy looking at books and listening to music.
- try out new activities and toys.
- play with children of different ages.
- learn how to interact with adults that are not their parents or caregivers.
- learn to share, take turns and make friends.



Drive your imagination

## Amaqembu okudlala akahle kubazali nabanakekeli.

Wena:

- ★ unqalanga nabantu futhi uzitholele abangane.
- ★ ungabelana nabanye ngamacebiso, imiqondo nezinto ezenzeke ekuphileni.
- ★ ungafunda kwabanye abazali nabanakekeli.
- ★ ungafunda ngezikhungo zokunakekela izingane, izikole kanye namanye amasevisi emphakathini wakini.



## Playgroups are good for parents and caregivers.

You can:

- ★ meet people and make friends.
- ★ share tips, ideas and experiences.
- ★ learn from other parents and caregivers.
- ★ learn about childcare centres, schools and other services in your community.

## Imidlalo yamahhala futhi engabizi

Ukudlala akudingekile kubize imali eningi. Izinto ezingcono kakhulu izingane ezingadlala ngazo yizinto ezingase zisetshenziswe ngezindlela eziningi ezihlukahlukene futhi nayizingane zeminyaka yobudala eyehlukene.

Izimbali, amaqabunga nezinduku, isihlabathi namanzi kukuyo yonke indawo futhi kumahhala! Kodwa ngokwesibonelo, induku ingaba yinkemba, isipedi noma induku yemilingo. Kungaba yinto okungase kwakhiwe ngayo, engase yeqive noma okungase kukalwe ngayo.

Lapho izingane kudingeka zisebenzise umcabango wazo ngokwengeziwe, zixazulule izinkinga, zisebenzise imizimba yazo nezingqondo zazo lapho zidlala, kuba yilapho izingqondo nemizimba yazo ifunda futhi ithuthuka.



## Free and low-cost play activities

Play does not have to cost a lot. The best materials for young children to play with are things that can be used in lots of different ways and by children of different ages.

Flowers, leaves and sticks, sand and water are everywhere and are free! But a stick, for example, can be a sword, a spade or a magic wand. It can be something to build with, to jump over or to measure with.

The more children need to use their imagination, solve problems and use their bodies and minds when they're playing, the more their brains and bodies learn and develop.



## Izinto okungase kudlalwe ngazo

- ★ Izingane ezisezincane zinesidingo esikhulu sokuba nobudlelwano bothando nawe ukwedlula isidingo sokuba namathoyizi. Ziyathanda ukukubuka ebusweni, ukulalela izwi lakho kanye nje nokuba nawe.
- ★ Abantwana bathanda amathoyizi anemibala egqamile kanye nalawo enza imisindo, njengento eklewlulayo. Bayawathanda namathoyizi anobuso noma ami ngezindlela ezithile futhi azwakala ngathi anoboya, abushelelezi noma athambile, njengomabhelana nezincwadi ezenziwe ngendwangu.
- ★ Abantwana nezithohlongwane bayakuthanda ukulalela umculo okhalela phansi noma imisindo yezilwane esetshenziswa emilolozelweni yasenkulisa.
- ★ Amabhodwe akho, amapani, izitsha zepulasitiki kanye nezinto eziningi ezivamile ezisekhaya lakho zizosihlaba umxhwele isithohlongwane sakho! Khumbula ukuba uhlale izindawo ezihlabayo, izinto ezingase zizigwinye bese zivaleka umphimbo kanye nezinye izingozi ngaphambi kokunika ingane yakho izinto zasendlini ukuba idlale ngazo.
- ★ Ukufunda nabantwana nezithohlongwane kungenye yezinto abazithanda kakhulu ongazenza. Khettha izincwadi ezinemifanekiso egqamile nemilolozelo.

Lolu lwazi lusekelwe olwazini olutholakala ku-<https://raisingchildren.net.au>.

## Things to play with

- ★ Young children need warm interaction with you more than they need toys. They love looking at your face, listening to your voice and just being with you.
- ★ Babies enjoy brightly coloured toys and those that make a sound, like a rattle. They also like toys with faces or patterns and that feel furry, silky or soft, like teddy bears and cloth books.
- ★ Babies and toddlers enjoy listening to soft music or animal sounds that are used in nursery rhymes.
- ★ Your pots, pans, plastic containers and many ordinary things around your home will fascinate your toddler! Remember to check for sharp edges, choking risks and other hazards before you give your child household items to play with.
- ★ Reading with babies and toddlers is one of the most enjoyable things you can do. Choose books with bright illustrations and rhymes.

This information is based on information found at <https://raisingchildren.net.au>.



# Ukufunda nokubhala ngolimi lwami

# Literacy in my language

Ukufunda ngolimi lwebele kuyadingeka ukuze kusekele ukuphumelela kwezinyane lapho zifunda ukufunda ngokuqonda kanye nokuba ziphumelele ngokuqhubekayo esikoleni. Lokhu kusho ukuthi izingane kudingeka zikwazi ukuthola izinhlobonhlobo zezinto ezifundwayo ezijabulisayo nezinikeza ulwazi ngolimi lwazo lwebele. Izinto ezifundwayo – izincwadi, amaphephandaba, izindaba nezihloko – kufanele zihlanganise izihloko eziningi ezihlukahlukene ezizojabulisa izingane kusukela zizezincane futhi zizenze ziqhubeke zifunda zenzela isikole, ukuthola ulwazi kanye nokuzijabulisa!

Learning in their mother tongue is necessary to support children's success in learning to read with understanding and to experience ongoing success at school. This means that our children need to have access to a variety of interesting and informative reading material in their mother tongue. The reading materials – books, newspapers, stories and articles – should cover many different topics that would interest children from a very young age and keep them reading for school, for information and for enjoyment!

Kubantu abadala abanezingane ezifunda futhi ezibhala ngolimi loMdabu futhi abafunda nezingane zabo:

- U-74% njengamanje ufunda nezingane zawo ngolimi loMdabu
- U-72% ungakhetha ukufunda nezingane zawo ngolimi loMdabu
- U-73% unezinto zokufunda zezilimi ezihlukahlukene

Of the adults with young children who read and write an African language and who read with their children:

- 74% currently read with their young children in an African language
- 72% would prefer to read with their children in an African language
- 73% have reading materials in multiple languages

NgokweNational Reading Survey eyenziwa yiNal'ibali Trust kanye neNational Library of South Africa, abantu baseNingizimu Afrika abangaba yisi-8 kwabayi-10 bangafunda ngokwengeziwe nezingane zabo ekhaya ukube bebenezinto zokufunda:

- zamahlala
- ezisekelwe ezihlokwani ezijabulisayo, ezindabeni noma olwazini **olunenjongo kubo**
- ngolimi abalukhethayo

According to the National Reading Survey conducted by Nal'ibali Trust and the National Library of South Africa, about 8 out of every 10 Africans would read more with the children in their home if they had reading materials that were:

- free
- based on interesting topics, stories or information that was **meaningful to them**
- in their **preferred language**

INal'ibali ikhuthaza ukusetshenziswa kolimi lwebele njengokuyingxenywe ebalulekile yokufundela ukuzijabulisa. Iminyaka engaphezu kweyishumi, iNal'ibali iye yasabalalisa izithasiselo zezilimi ezimbili zokufundela ukuzijabulisa mahhala emaqenjini okufunda, ezinhlanganweni zemiphakathi, emalayibhrari, ezikoleni nakwabanye esebenzisana nabo kulo lonke elaseNingizimu Afrika. Izithasiselo ziyatholakala nokuba zidawunilodwe ngaphandle kwezindleko kuwebhusayithi yethu ethi [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).

Nal'ibali promotes the use of the mother tongue as an essential part of reading for enjoyment. For more than ten years, Nal'ibali has distributed bilingual reading-for-enjoyment supplements free of charge to reading clubs, community organisations, libraries, schools and other partners throughout South Africa. The supplements are also available to download without cost from our website at [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).

## Yandisa ilayibrari yakho.

Zenzele ezakho izincwadi **EZIMBILI** ozoziska uzikhiphe bese uzigcina

- Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 alesi sithasiselo.
- Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
- Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
  - Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
  - Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani.
  - Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.

## Grow your own library.

Create **TWO** cut-out-and-keep books


- Take out pages 5 to 12 of this supplement.
- The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
- Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
  - Fold the sheet in half along the black dotted line.
  - Fold it in half again along the green dotted line.
  - Cut along the red dotted lines.

Topo's treehouse



Indlu kaTopo esesihlahleni  
Kipano Schale • Solly MacLarty


The amber-eyed galjoen



Idamba, inhlanzi enamchlo Ambala  
wenhlansi yomlilo  
Kati Tsami • Suki Bana



Drive your  
imagination



UTopo wahlala esitebhisini esingemva wathula wathi du, ecabanga ngokujulile. UYise weza wahlala eduze kwakhe. UYise lo wayazi kahle ngesidleke namqanda, futhi azi kahle indlela uTopo ayethukuthele, futhi edabuke ngayo. “Uyabona Topo,” kusho uYise, “ngesinye isikhathi siyadinga ukunikela izinto ngomoya omuhle kulabo abangenamandla njengathi. Kwesinye isikhathi siyadinga ukuba nenhliziyu enesihle esingaphezu kwentukuthelo.” esingaba nayo. UYise wamwola uTopo maqede wabuyela endlini. UTopo wahlala wathula ecabangisiza lokho ayekutshelwe nguyise.

Topo sat still and thoughtful on the back step. Father came to sit next to him. Father knew about the nest and the eggs, and he seemed to know about Topo’s angry and sad feelings. “Sometimes, Topo,” said his father, “we need to give things up for others who are not as strong as us. Sometimes, we have to let the caring feeling be stronger than our anger. And stronger than our sadness for ourselves.” Father hugged Topo and went inside. Topo sat still and thought about what he had said.

Wajabha kabi uTopo. Wathukuthele. Wazizwa ukuthi unobugovu. Le ndlu ekulesi sikhahla kwakuyindawo yakhe futhi engazimisela nakancane ukugudluka kuyo.



Topo felt sad. He felt angry. He felt selfish. The tree house was his place, and he did not want to move out.

**HEARTLINES**  
The Centre for Values Promotion



For more information, please email [info@heartlines.org.za](mailto:info@heartlines.org.za) or phone (011) 771 2540.

Ukuze uthole ulwazi olwengeziwe, sicela uthumele i-imeyili ku-[info@heartlines.org.za](mailto:info@heartlines.org.za) noma ufowunele kule nombolo (011) 771 2540.

### Get story active!

- ★ Topo chose to leave his tree house for a while so that the dove could nest there. Do you think this was a good choice? What would you have done?
- ★ Read the story again. How can you tell that Topo’s father loves him and cares about his feelings?
- ★ Draw a picture for a part of the story that does not have an illustration. Write the story’s words under your picture.

### Yenza indaba ihlabe umxhwele!

- ★ UTopo wakhetha ukuyishiya indlu yakhe esesihlahleni okwesikhashana ukuze ijuba lifukamele amaqanda. Ingabe ucabanga ukuthi lento ayikheitha yayiyinhle? Yini wena owawuyoyenza?
- ★ Phinda ufunde le ndaba. Ubona kanjani ukuthi ubaba kaTopo uyamthanda futhi uyayikhathalela imizwa yakhe?
- ★ Dweba isithombe sengxenywe yendaba engenawo umfanekiso. Bhala amazwi endaba ngaphansi kwesithombe sakho.

Nal’ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)




UNal’ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlanga nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye iminingwane, vakashela ku: [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)



Drive your  
imagination

## Topo’s treehouse



## Indlu kaTopo esesihlahleni

Kopano Sechele • Sally MacLarty


**Ideas to talk about:** Have you ever seen a bird’s nest? Nesting birds do not like to be disturbed. If they are disturbed, they may leave the nest, and the eggs will not hatch. What do you think will happen if we disturb many nesting birds?

**Imibono okungaxoxwa ngayo:** Wake wasibona isidleke senyoni? Izinyoni ezifukamela amaqanda azithandi ukuphazanyiswa. Uma ziphazanyiswa, zingase zisishiye isidleke, futhi amaqanda ngeke achamuseleke. Ucabanga ukuthi yini ezokwenzeka uma siphazamisa izinyoni eziningi ezifukamele amaqanda?

Kodwa kwathi esazama ukubukisisa kahle lesi sidleke, labuya ijuba elingumama. "Suka lapha," kwaba sengathi lisho njalo kuye: "Suka lapha!"

"Ngayami phela le ndlu ekulesi sikhahla," kuzicabangela uTopo. "Ngizosukelani-ke?"


Kodwa uTopo wayazi ukuthi ngeke yena nejuba bahlalisane endlini yakhe esesikhahleni. "Hhayi-ke kuzoba amaqanda azoba lapha noma yimina," esazicabangela belu.



But just as he tried to see better, the mother bird flew into the tree again. "Go away," she seemed to say. "Go away."

"This is my tree house," thought Topo. "Why should I go away?"

But Topo knew that he couldn't share his tree house with the dove. "It's the eggs or me," he thought.



Topo always looked forward to going home after school because then he could play in his tree house. Life was always interesting in the tree house.

Topo's father had built it high up in the yard's biggest tree. Topo could see many things from the tree house. He could see roofs with different shapes and colours, tall buildings far away, and closer, he could see other trees and lots of small animals and birds.

Topo loved the beautiful eggs. But he knew that if he was in the tree house, the eggs would not hatch. So he made a decision: the dove could have his tree house for as long as she needed it, and he would sit on a branch nearby to watch her.

So Topo found a branch on the other side of the tree house and sat and watched. He noticed that the dove never left the eggs for long. She spent most of the time sitting on them to protect them. But one day, while the dove was away, it became very windy, and the branches waved up and down and from side to side. The dove was not at her nest. Topo was worried that the nest would be blown away. He waited and waited for the dove to come back.


UTopo wayewathanda la maqanda amahle. Kodwa futshi wayazi kahle ukuthi uma esahlazi kule ndlu yakhe esesikhahleni lawo maqanda ayengeke achamuseleke. Ngakho-ke wathatha isinqumo ... ijuba lingaqhubeka nokusebenzisa le ndlu yakhe ekulesi sikhahla uma lisayidinga, yena uzozitholela elinye igatsha kude buduze azihlalele khona alibuke.

Ngakho uTopo wazitholela-ke igatsha elalibhekene nendlu yakhe, wahlala khona wabukela. Waphawula ukuthi noma ijuba lalike lihambé kodwa lalingawashiyi isikhathi eside amaqanda alo. Laliqhatha isikhathi eside lihleli kuwo, liwawikele.

Kodwa ngeinye ilanga, ijuba lisahambile, kwaba nesivunguvungu esanyakazisa kanzima wonke amagatsha. Ijuba lalingekho esidlekeni salo. UTopo wakhathazeka ngoba wayebona kahle ukuthi isidleke sizopheshulwa wumoya. Walinda, walinda, ethi ijuba ndini uzobuya, lutho ijuba.

Just as Topo was getting tired, the little dove flapped its wings harder than ever and flew up higher and higher. This time, it did not come down. Topo stopped running, and watched. He watched as the little bird flew further and further and higher and higher. He was so happy he shouted out loud. It felt like he had just learnt to fly too!


Lapho uTopo eseqala ukukhathala iphuphu lashaya amaphiko kakhudlwana kunakuqala, landizela phezulu, phezulu. Kulokhu aliphindanga lehlela phansi. UTopo wema, wayibuka inyoni encane indiza iya kude, kude, phezulu, phezulu. Wajabula waze wamemeza uTopo. Kwaba sengathi uyena osefunde ukundiza!



UMalume uDavide wamamatheka. “Empeleni, yingoba ngingathanda ukuphila emhlabeni lapho wonke umuntu enomusa komunye nomunye. Ngakho, ngisho noma ungikhohisa ngokuphindaphindiwe, ngiyohlale ngikwethemba futhi ngibe umngani wakho.”

“Angikaze ngivuzwe umbhedo onje,” kusho idamba elinamhlo ambala wenhlansi yomlilo, lasho lanyamalala ngaphansi kwamagagasi.

Kwadula izinyanga. UMalume uDavide wayeselambile futhi enciphile kangangokuthi lapho ebheka eceleni, wayungamboni kahle. Noma kunjalo, wayelokhu edoba futhi enethemba lokubamba okuya ngasethunjini.



Oom Dawid had fished on the West Coast since he was a little boy. Over time, the fish became scarce and Oom Dawid became very hungry and skinny. He could no longer catch enough fish to sell at the market and earn a living. Then, one day, he caught an amber-eyed galjoen!



UMalume uDavide wayedobe oGwini LwaseNtshonalanga kusukela engumfanyana omncane. Ngokuhamba kwesikhathi, izinhlanzi azibange zisatholakala futhi UMalume uDavide walamba kakhulu futhi wonda. Wayengasakwazi ukudoba izinhlanzi ezanele ukuba azithengise emakethe nokuba azondle ngokwakhe. Kwase kuthi, ngolunye usuku, wabamba idamba, inhlanzi enamehlo ambala wenhlansi yomlilo!

### Get story active!

- ★ This activity is great to do as a family or with friends.
  - Find or draw pictures of different kinds of sea creatures.
  - Name each sea creature and then cut out the pictures.
  - Place the pictures in a jumbled order on the floor or table.
  - Then call out the name of one of the creatures and take turns to “go fishing” to find it!

### Yenza indaba ihlabe umxhwele!

- ★ Lo mdlalo umnandi uma niwenza niwumndeneni noma unabangane.
  - Tholani noma dwebani izithombe zezinhlobo zezilwane zasolwandle ezahlukene.
  - Qambani isilwane sasolwandle ngasinye bese nisika izithombe.
  - Beka izithombe uzixube phansi noma etafuleni.
  - Bese ubiza igama lesinye sezilwane futhi nishintshane “ukuyodoba” ukuze nisithole!

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlanzi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku: [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)




Drive your  
imagination

Oom Dawid smiled. “Well, I’d like to live in a world where everyone is kind to each other. So, even if you trick me over and over, I’ll always trust you and be your friend.”

“That’s the silliest thing I’ve ever heard,” said the amber-eyed galjoen, disappearing beneath the waves. Months passed. Oom Dawid was now so hungry and skinny that when he turned sideways, you could hardly see him. Still, he kept fishing and hoping to catch something to eat.

## The amber-eyed galjoen



## Idamba, inhlanzi enamehlo ambala wenhlansi yomlilo

*Kai Tuomi • Subi Bosa*

**Ideas to talk about:** Did you know that the galjoen is South Africa’s national fish? What other national symbols do you know? Is it important to keep our promises? What if keeping the promise is difficult or costly, do we still need to keep it?

**Imibono okungaxoxwa ngayo:** Ingabe ubuwazi ukuthi i-galjoen (idamba) iyinhlanzi ewuphawu lwesizwe lwaseNingizimu Afrika? Yiziphi ezinye izimpawu zesizwe ozaziyo? Ingabe kubalulekile ukugcina izithembiso zethu? Kuthiwani uma ukugcina isithembiso kunzima noma kubiza kakhulu, ingabe kusadingeka ukuba sisigcine?



Inhlanzi yahlaka njengoba ibhukuda ibaleka.  
 "Ngikukhohlsile amangal Bekungafanele ungethembe."  
 Emasontweni amaningi emuva kwalokho, ngesikhathi  
 uMalume uDavide edoba ekujuleni kolwandle, waphinde  
 wabona ukukhanya okusagolide nokubomvu enethini  
 yakhe. uMalume uDavide manje wayeselambile futhi  
 esezace kakhulu, kwase kudingeka agqoke ibhantshi lakhe  
 elikhulu ukuze angapheshulwa umoya.  
 "Hhayi-ke," kusho inhlanzi, "usuphinde wangibamba futhi.  
 Uma ungijikiyele emanzini, ngizokutshela ngempela-ke  
 manje imfihlo yokubamba izinhlanzi eziningi."  
 uMalume uDavide wacabanga isikhashana, nakuba isisu  
 sakhe sasiduma ngenxa  
 yendala, wayiphonsa  
 emanzini inhlanzi.  
 Uma nje ithi gqwambi  
 emanzini futhi, inhlanzi  
 yahlaka futhi yathi,  
 "Ungithembelani futhi?"



Again Oom Dawid caught the amber-eyed galjoen  
 and again he tossed it back into the water when  
 it begged for its life. But this time the amber-eyed  
 galjoen didn't laugh. Instead, it looked at Oom Dawid  
 for a long time, then swam slowly away.  
 Soon Oom Dawid got too hungry to leave his little  
 house. One day, as he sat on his stoep, he saw a flash  
 of gold and red in the waves. It was the amber-eyed  
 galjoen. "I've been thinking about what you said,  
 Oom Dawid. I don't know any secrets about catching  
 plenty of fish, but maybe these will help you," said the  
 fish tossing something to Oom Dawid with a flick of  
 its tail.

Oom Dawid had fished since he was a little boy.



He caught all kinds of things – yellow-tailed fish, snoek, lobsters that snapped, and sometimes even a seabream or two. But then, suddenly, everything disappeared. Day after day Oom Dawid caught nothing, and he became very hungry.

One day, Oom Dawid rowed out into the sea. There he set out his net and waited. A few hours later, he pulled the net back in, hopeful and hungry. He saw a flash of gold and red. In the net was the most beautiful fish he'd ever seen. It was an amber-eyed galjoen.

UMalume uDavide wayeqale ukudoba esengumfanyana.  
 Wayesebambe zonke izinhlobo zezinto – izinhlanzi ezinomsila  
 ophuzi, i-snoek, ama-lobster aphukayo, futhi kwezinye  
 izikhathi ngisho ne-seabream eyodwa noma ezimbili.  
 Kodwa kungazelelwe, yonke into yashabalala. Usuku nosuku  
 uMalume uDavide wayebuya elambatha, futhi wayefa yindlala.  
 Ngolunye usuku, uMalume uDavide wagwedla waya  
 ohlangothini lolwandle olujulile. Wabe esebeka inetha yakhe  
 walinda. Ngemuva kwamahora, wadonsa inetha, enethemba  
 futhi elambile. Wabona ukukhanya kwegolide nokubomvu.  
 Enethini kwakunenhlanzi enhle kunazo zonke ayeke  
 wazibona phambilini. Kwakuyidamba elinamehlo ambala  
 wenhlasi yomlilo.



Waphinda futhi uMalume uDavide wabamba inkalakatsha yenhlazi nalapho waphinda wayijikijela emanzini ngesikhathi isikhala ibona ukuthi izokufa. Kodwa kulokhu idamba elinamhlo alokoza inhlanzi yomlilo alizange lihleke. Kunalokho, labuka uMalume uDavide isikhathi eside, labde selibhukuda kancane lahamba. Emuva kwalokho uMalume uDavide walamba kakhulu akangabe esakwazi nokuphuma endlwaneni yakhe. Ngolunye usuku, lapho ehlezi esitlweni sakhe, wabona ukukhanya kwegolide nokubomvu emagagasini. Kwakuyilo idamba elinamhlo anomhala wenhlazi yomlilo. "Bengilokhu ngicabanga ngalokho owakusho, Malume uDavide. Akunamfihlo engiyaziyo yokudoba izinhlanzi eziningi, kodwa mhlawumbe lezi zinto zizokusiza," kusho inhlanzi ijikijela okuthile kuMalume uDavide ngomsila wayo.



The next day, Oom Dawid sold the pearls for a lot of money. He bought coffee and food for himself, and a nice loaf of bread to thank the amber-eyed galjoen for the pearls.

That afternoon, Oom Dawid took his little boat out into the sea. He broke the bread into pieces and threw the pieces into the water. He watched as other smaller fish ate them, but he never saw the amber-eyed galjoen again.


Ngakusasa, uMalume uDavide wawadayisa amapharele ngemali eshisiwe. Wazithengela ikhofi nokudla, kanye nolofu wesinkwa esimnandi ukuze azibongele kudamba elinamehlo ambala wenhlansi yomlilo ngokumnika amapharele.

Ngaleyo ntambama, uMalume uDavide wagibela isikebhe sakhe waya ekujuleni kolwandle. Wahlephula isinkwa saba yizingcezu ezincane, waphonsa izingcezu zesinkwa emanzini. Wabuka ezinye izinhlanzi ezincane zidla, kodwa akazange aphinde alibone idamba elinamehlo alokoza njengenhlanzi yomlilo.



The fish laughed as it swam off. "I lied to you! You really shouldn't have trusted me."  
 Many weeks later, when Oom Dawid was fishing in the sea, he again saw a flash of gold and red in his net. Oom Dawid was now so hungry and skinny, he had to wear his big jacket so that the wind didn't blow him over.  
 "Okay," said the fish, "you've caught me again. If you throw me back, I'll really tell you the secret to catching plenty of fish."  
 Oom Dawid thought for a moment, and though his tummy rumbled, he tossed the fish back into the water. As soon as it was in the water again, the fish laughed and said, "Why would you trust me again?"





“Look at you,” Oom Dawid said with a whistle.

“Hello,” replied the fish.

Oom Dawid blinked. “Did you just talk?” he asked.

“Yes,” said the fish. “Please, don’t eat me. If you throw me back into the water, I’ll tell you the secret to catching plenty of fish.”

Oom Dawid was very hungry, but if the fish told him this secret, it would all be worth it. So, he picked up the amber-eyed galjoen and threw it back into the water.

“Ake ubuke nje,” kusho uMalume uDavide eshaya ikhwela.

“Sawbona,” kuphendula inhlanzi.

UMalume uDavide wacwayiza. “Uyakhuluma?”

wabuza.

“Yebo,” kusho inhlanzi. “Ngicela, ungangidi. Uma ungiyuyisele emanzini, ngizokutshela imfihlo yokubamba izinhlanzi eziningi.”

UMalume uDavide wayelambe kakhulu, kodwa

uma inhlanzi imtshela le mfihlo, ukubekwezela

kwakhe kwakuyoba nomvuzo omkhulu. Ngakho, wacosha idamba elinamhlo ombala wenhlansi

yomlilo walijikijela emuva emanzini.

Oom Dawid bent to pick up a small parcel of seaweed tied with amber coral. Inside were three pearls, brilliant and white, and worth a small fortune. “Thank you, my friend,” said Oom Dawid, but the fish was nowhere to be seen.

UMalume uDavide wagoba wacosha iphasela elincane lokhula lwasolwandle eliboshwe ngekholali esagolide. Phakathi kwakukhona amapharele amathathu, acwebezelayo namhlophe, ayebiza imali eshisiwe.

“Ngiyabonga, mngani wami,” kusho uMalume uDavide, kodwa inhlanzi yayingasabonwa nangalukhalo.




Qaliyane isikhawishikhawishi  
somoza owaze waphetheha  
wakhipha elinye iqanda  
esidlekeni layokwedula  
emapulaweni endlu,  
layowela ngaleya.  
UTopo wabuka laphaya  
phansi. Iqanjana elimhlophe lase  
hiphahlahleki laba yizicucu.  
UTopo waphatheka kabi kakhulu.  
Ngaso leso sikhathi labuya ijuba landiza lazohlala phezu  
kweganda elalisele esidlekeni.



Just then the dove flew back and settled onto the egg that  
was left in the nest.

Suddenly a gust of wind  
blew one of the eggs out  
of the nest, whooshed it  
along the planks, and it  
tumbled over the edge.  
Topo looked down.  
There, on the ground  
below, was the little white egg smashed to bits.  
Topo felt horrible.



After school each day, Topo sat and watched the nest. The mother dove spent most of her time with her little dove. It grew bigger and bigger. It spent a lot of time flapping, flapping, flapping its wings.


One morning, as Topo was walking out of the kitchen, he stopped suddenly. There was the little dove in front of him on the grass, trying, trying, trying to fly. Topo was very excited, but he stood very still and watched.

The little dove flapped its wings very hard and flew up into the air for a short distance, then came down again. Topo followed the little dove across the yard and over the fence. The little dove tried over and over and over again.

Njalo uma uTopo ebuya esikoleni wayehlala abuke isidleke. Umama wejuba wayechitha isikhathi esiningi nejuba lakhe elincane. Lalilokhu liya ngokuya likhula. Lachitha isikhathi eside lilokhu libhakuzisa amaphiko alo.

Ngelinye ilanga ekuseni uTopo wayephuma ekhishini, wavele wama ngqi. Nanti ijuba elincane otshanini phambi kwakhe, lilokhu lizama ukundiza. UTopo wjabula kakhulu, wema wabukela.

Nanto iphuphu lansondo lithi ukubhakuzisa amaphiko alo ngamandla, lase lithi ukundiza indawana emfushane, labuyela phansi futhi. UTopo walilandela iphuphu linqamula egcekeni leqa nothango. Ijuba elincane lalilokhu lizame njalo ukundiza.



The next day after school Topo crept up into the tree house and looked into the nest. He saw two eggs there. The eggs were beautiful; they made Topo happy. He knew that young doves would hatch out of those eggs.

Ngosuku olilandelayo kwaphuma isikole uTopo wakhuphuka waya endlini yakhe esesihlahleni, wasibuka lesi sidleke sejuba. Wabona amaganda amabili. Amaganda ayemahle; amthokozisa kakhulu uTopo. Wayazi ukuthi kunamaphuphu azochamuseleka kulawo maganda.



UTopo wayehlale elangazelela ukuya ekhaya emuva kokuphuma kwesikole ngoba wayejahe ukuyodlala endlini yakhe eyayisesihlahleni. Impilo yayimnandi kule ndlu.

Uyise kaTopo le ndlu wayeyakhe esihlahleni esasisikhulu kunazo zonke egcekeni. UTopo wayekwazi ukubona izinto eziningi ephezulu kule ndlu yakhe esesihlahleni. Wayekwazi ukubona uphahla olunhlobonhlobo nolumibalabala, izindlu eziphakeme kakhulu eziseduze ngisho nakude le. Wayekwazi ukubona ezinye izihlahla, kanye nezilwanyana nezinyoni ezincane eziningi.



Ngolunye usuku uTopo wabona inqwatshana yezinti kwelinye lamagatsha eduze kwendlu yakhe esesihlahleni. Nantya ijuba lindizela kulesi sihlahla libhakuzisa amaphiko. Ngokubona uTopo lesaba ijuba ukuhlala. Landiza labalaka. UTopo wachusha wayothi ne kwelinye igatsha bude budze endlu yakhe, akanyakaza. Labuya ijuba, labona ukuthi sekuphephile manje, lathasisela ezinye izinti enqwabeni yalo. Kuthe inqwaba isinkulu ngokwenele, laziza kuyo ijuba. Labukeka laneliseke kakhulu.

Sometimes, Topo would take his books into the tree house and read. It was good to read there because it was quiet, with just the birds singing. Other times, he just sat and watched. He wondered how far the birds flew and what stories they were telling other birds about the distant places they had been to.

One day, Topo noticed a small pile of twigs on one of the branches that grew very near to his tree house. A dove flew into the tree and fluttered about. But it had seen Topo and was afraid. It flew away again. So Topo crept to a branch on the other side of the tree house and sat very still. The dove came back, saw that it was safe, and piled on more twigs.

When the pile was big enough, the dove settled on it. She looked very comfortable.

Kwesinye isikhathi wayethatha izincwadi zakhe ayofundela phezulu endlini yakhe ekulesi sihlahla. Kwakumnandi ukufundela lapho ngoba kwakungekho msindo ngaphandle komculo wezinyoni. Ngesinye isikhathi wayezihlalela nje abukele. Wayeke acabange ukuthi kazi lezi zinyoni zindiza zifikephi nanokuthi ndaba zini ezizixoxela ezinye ngezindawo ezizihambile.

Ngaleyo ntambama uTopo wahlala isikhathi eside esitebhisini esingemuva. Uyise waphinde weza wahlala eduze kwakhe. "Uyabona Topo," kusho yena, "impilo ike ibukeke ingenabulungiswa. Asikugondisisi njalo ukwenzeka kwezinto. Kodwa-ke okuhle ngawe wukuthi ungununtu onakekelayo. Sengiyazi ukuthi ngelinye ilanga yokhula ube wubaba onothando noyovikela izingane zakhe."

Bahlala bobabili becabanga ngeqanda elaliphahlazekile, nangjuba elincane elalihlezi ngesibindi livikele iqanda elalisesesidlekeni salo.

Topo sat on the back step for a long time that afternoon. Once again, Father came and sat beside him. "Oh, Topo," he said, "life often seems unfair. We cannot always understand why things happen the way they do. But it is good that you care. I know that one day you will grow up to be a good father who will love and protect his children."

Together they sat and thought about the broken egg and the little dove who sat bravely protecting the egg that was still in the nest.



Each day when Topo came back from school he checked the nest to make sure that the egg was there.

One day, as he peeked into the nest, he saw an ugly creature with a big mouth. It was very small and had no feathers. Topo slid down the tree and ran to tell his father.

Zonke izinsuku lapho uTopo ebuya esikoleni wayehlola ukuthi lisekhona yini iqanda esidlekeni. Ngolunye usuku lapho uTopo elunguza esidlekeni, wabona isilwane esibi esinomlomo omkhulu. Sasisincanyana singenazo izimpaphe. UTopo wehla emthini wagijima wayobikela uyise.

# Ukufunda nokubhala kwami, ulimi lwami, amagugu ami!



My literacy,  
my language,  
my heritage!

Sithinte noma ngayiphi yalezi zindlela: • Contact us in any of these ways:

 nalibaliSA

 @nalibaliSA

 @nalibaliSA

 info@nalibali.org






## Usinde ngokulambisa



NguLesley Foster ■ Imifanekiso nguJiggs Snaddon-Wood

U-Olwethu, ingwane (octopus), wayephumule ngaphansi kwechopho ledwala edanyini elikhulu eduze nogu lolwandle. Wayesaba. Wayengakaze abe kude kangaka nedamu lakhe kuyi-reef. Wayehlale ezizwa ephephile kuyi-reef, ecashe kude le eqhelile ogwini nakubantu. Kodwa ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, umzala wakhe, u-Oscar, wayemfakele inselele yokuba athathe naye uhambo lokuyohlola idamu elingasogwini lolwandle.

"Kuyabhora lapha. Mina ngifuna ukubona umhlaba. Woza ubhukude nami, Olwethu," wayesho kanjalo.



U-Olwethu wayemcengile ukuba angahambi, kodwa u-Oscar akalokothi amlalele futhi ngaso sonke isikhathi wayenza lokho akufunayo. Manje, kwase kuphele izinsuku ehambile. Yingakho u-Olwethu wayenqume ukumcinga. Ukufuna kwakhe kwakumlethe kuleli damu elingasogwini lolwandle lapho, ekugcineni, athola khona izilwane zasolwandle ezazingamshela ukuthi kwakwenzekeni ku-Oscar.

"Wayenelukuluku eliyinqaba ukuze azizuzise yena," kusho i-starfish ngokudabuka.

Ama-anemone asolwandle avayizisa izimpondo zawo evuma, "Samxwayisa ukuba aziqaphele izinto ezinemibala egqamile ezintanta emanzini," esho.

Inkalkala i-hermit yalunguzisa ikhanda layo ngaphandle kweqobhe layo futhi yathi, "Umdobi wayejabule efile ngokubamba ingwane."

U-Olwethu wadumala kakhulu. Kwakuzodingeka abuyele edanyini lakhe kuyi-reef yedwa. Kwase kuthi, njengoba entanta ngaphansi kwechopho ledwala, ecabanga ngendlela ayemkhumbule kakhulu ngayo u-Oscar, ngokuphazima kweso wezwa amazwi abantu. Lapho u-Olwethu elunguza, wabona intombazanyana, unina nogogo wayo onqenqemeni lwedamu. Babegqolozele ezansi emanzini.

Njengoba u-Olwethu etshuza ebuyela ngaphansi kwechopho ledwala, wezwa ugogo ememeza, "Viwe, bheka, kunengwane! Uyayibona ngaphansi kwechopho ledwala?"

U-Olwethu washesha washintsha umbala ukuze afane namadwala nokhula lwasolwandle olwalumzungezile.

Kodwa uViwe wayesembonile. "Yebo! Bheka, ngicabanga ukuthi izama ukucasha," esho, ekhomba lapho u-Olwethu ayekhona.

Ekhumbula lokho okwakwenzeka ku-Oscar, u-Olwethu wanquma ukutshuza ngejubane aye endaweni ephephile. Njengonyazi, waphuma waqhasha ngaphansi kwechopho ledwala wayocasha ekhosombeni ledwala elikhulu. Kodwa okwamethusa, intombazanyana yagwedla emanzini futhi yazohlala

phezu kwedwala elikhulu lapho u-Olwethu ayecashe khona. Intombazanyana yayiphethe okuthile okunemibala egqamile esandleni, kodwa u-Olwethu wayengazi ukuthi yini.

U-Olwethu wayelokhu eyithanda imibala egqamile. Idamu lakhe emuva kuyi-reef lalinemibala egqamile. Laligcwele ama-anemone abomvu, ama-chitin acwebezelayo, ukhula lwasolwandle oluluhlaza okotshani kanye nama-starfish amaningi amahle. U-Olwethu wayeqonda ukuthi kwakwenzeka kanjani ukuba u-Oscar adonseleke ekudleni kodobo okunombala ogqamile okwakusetshenziswe ngumdobu ukumbamba.

Esendaweni yakhe yokucasha, u-Olwethu wabona into ekhanyayo ngokupinki ingena yehlela emanzini futhi imdlula. Engacabanganga nokucabanga, wafaka ngobunono olunye lwezimpondo zakhe lwezungeza lento, futhi lapho kungekho okwenzekayo, waqala ukuyizungelezela ngophondo lwesibili.

Wabe esezwa intombazanyana imemeza, "Bheka, Mama, ingwane ibambe i-snorkel sami."

U-Olwethu wethuka kangangokuba wayibamba waqinisa ngqi lento. Intombazanyana yafaka isandla emanzini, yasibamba i-snorkel sayo. Izwa umdonsiswano, nentombazana yadonsa ngamandla.



"Mama, ingwane ayifuni ukudedela i-snorkel sami!" kusho uViwe, eqala ukwethuka.

"Hhayi-bo," u-Olwethu ecabanga ngokushesha, Yimi lo osenza ubulima buka-Oscar manje! Uma ngingaqaphile, nami ngizobanjwal! Ngokushesha, wadedela. I-snorkel sagxuma saphumela ngaphandle kwamanzi, futhi uViwe wacishe wawa edwaleni wangena emanzini.

UGogo wahleka, "Awuve unenhlahlala weViwe. Ubone ingwane futhi manje usucishe wabamba enye!"

"Yebo," kusho uViwe ejabulile, "futhi ingwane icishe yathatha i-snorkel sami!"

Ngisinde ngokulambisa, u-Olwethu ecabanga njengoba eqala indlela ebhukuda ebuyela edanyini lakhe kuyi-reef. Egwinya amanzi futhi ewakhafula, wayesetshuza edabula amanzi futhi wasuka engozini.

Ekude, wezwa ugogo kaViwe ethi, "Weee! Awubheke leya ngwane, Viwe! Itshuza ngesivinini emanzini njengendiza endiza esibhakabhakeni."

Kodwa u-Olwethu akazange ame ukuze ezwe lokho okushiwo nguViwe. Empeleni, akazange ayeke ukubhukuda waze wayofika le endaweni ephephile kuyi-reef.

### Yenza indaba ihlabe umxhwele!

- ★ Wake waluthatha uhambo olwethusayo? Wazizwa kanjani? Kungani?
- ★ Dweba isithombe sengwane. Ingwane ikwazi ukushintsha umbala! Ngakho ungayifaka umbala omuhle noma wenze iphethini.

- ★ Yenza iphosta yoMuntu Olahlekile. Dweba isithombe somuntu olahlekile futhi ubhale igama lakhe, iminyaka yobudala kanye nencazelo yendlela abukeka ngayo ngezansi kwesithombe.



Drive your  
imagination



# Lucky escape


By Lesley Foster ■ Illustrations by Jiggs Snaddon-Wood

Story corner



Olwethu, the octopus, rested under the ledge of rock in a large pool near the beach. She was afraid. She had never been this far from her own pool out on the reef. She always felt safe on the reef, tucked away far from the shore and humans. But a few days ago, her cousin, Oscar, had dared her to go on an adventure with him to explore the pools near the beach.

"It's so boring here. I want to see the world. Swim away with me, Olwethu," he had said.



Olwethu had begged him not to go, but Oscar never listened to her and always did just what he wanted. Now, he had been gone for some days. That's why Olwethu had decided to look for him. Her search had brought her to this pool near the beach where, at last, she had found sea creatures who could tell her what had happened to Oscar.

"He was far too curious for his own good," said the starfish sadly.

The sea anemones waved their tentacles in agreement, "We warned him to be careful of colourful things dangling in the water," they said.

The hermit crab stuck his head out of his shell and said, "The fisherman was so happy to have caught an octopus."

Olwethu was very sad. She would have to return to her pool on the reef alone. Then, as she floated under the ledge, thinking about how much she missed Oscar, she suddenly heard human voices. When Olwethu peeped out, she saw a little girl, her mother and her granny at the edge of the pool. They were staring down into the water.

As Olwethu ducked back under the ledge, she heard the granny call out, "Viwe, look, there is an octopus! Can you see it under the ledge?"

Olwethu quickly changed colour so that she would blend in with the rocks and sea weeds around her.

But Viwe had seen her. "Yes! Look, I think it's trying to hide," she said, pointing to where Olwethu was.

Remembering what had happened to Oscar, Olwethu decided to make a dash for safety. Quick as a flash, she slipped out from under the ledge to hide in the shelter of a bigger rock. But to her horror, the little girl waded through the water and sat on the big rock right above where Olwethu was hiding. The girl was holding something brightly coloured in her hand, but Olwethu didn't know what it was.

Olwethu had always loved bright colours. Her own pool back on the reef was so colourful. It was filled with red anemones, shiny chitins, green seaweeds and many beautiful starfish. Olwethu could understand how Oscar had been drawn to the brightly coloured float that the fisherman had used to catch him.

From her hiding place Olwethu saw the bright pink object slipping down into the water and past her. Without thinking, she gently slid one of her tentacles around the object and, when nothing happened, she began to wind a second tentacle around it.

Then she heard the little girl call out, "Look, Mama, the octopus has got my snorkel."

Olwethu got such a fright that she tightened her grip on the object. The little girl reached down and grabbed her snorkel. Feeling the tug on it, the little girl gave it a tug too.



"Mama, the octopus won't let my snorkel go!" said Viwe, starting to panic.

"Oh no," thought Olwethu suddenly, "I am being just as silly as Oscar was! If I'm not more careful, I am going to get caught too!" Quickly, she let go of the object. The snorkel popped out of the water with a splash, and Viwe nearly fell off the rock backwards into the water.

Gogo laughed, "What a lucky girl you are, Viwe. You saw an octopus and nearly caught one too!"

"Yes," said Viwe excitedly, "and the octopus nearly caught my snorkel!"

What a lucky escape I had, thought Olwethu as she started to swim back towards her pool on the reef. Sucking in water and squirting it out, she was soon shooting through the water and away from danger.

In the distance, she heard Viwe's granny say, "Wow! Look at that octopus move, Viwe! It's speeding through the water like an aeroplane flies through the sky."

But Olwethu didn't stop to hear what Viwe said. In fact, she didn't stop swimming until she got back to the safety of the reef.

## Get story active!

- ★ Have you ever been on an adventure? How did you feel? Why?
- ★ Draw a picture of an octopus. An octopus can change colour! So you can colour it in an interesting colour or pattern.

- ★ Make a poster for a missing person. Draw a picture of the missing person and write their name, age and a description of their appearance below the picture.



# Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

## Nal'ibali fun



- 1.** a) Ungakwazi ukuqondanisa ingxenye engaphezulu nengaphansi yalaba balingiswa bakwaNal'ibali?  
b) Bhala igama lomlingiswa ngamunye ngaphansi kwesithombe.

- a) Can you match the top and bottom part of these Nal'ibali characters?  
b) Write each character's name under their picture.

<b>A</b> 	<b>B</b> 	<b>C</b> 	<b>D</b> 	<b>E</b> 	<b>F</b> 	<b>G</b> 	<b>H</b> 
<b>1</b> 	<b>2</b> 	<b>3</b> 	<b>4</b> 	<b>5</b> 	<b>6</b> 	<b>7</b> 	<b>8</b> 

**2.** Ngabe ungakwazi ukwenza amagama amasha ayishumi nambili ngezinhlamvu zamagama ezisemagameni athi, **UKWAZI UKUFUNDA NOKUBHALA?**

Bhala phansi amagama akho bese uzithokozisa ngesikhathi ubhala imisho esebenzisa amaningi awo ngendlela ungakwazi ukuthi wenze ngayo!

**Can you make twelve new words from the letters in the word LITERACY?**

Write down your words and then have fun writing a sentence that uses as many of them as possible!

_____	_____
_____	_____
_____	_____
_____	_____
_____	_____
_____	_____

**3.** Nayi inselelo yamagama!

- Landela imithetho esebhokisini bese usebenzisa izinhlamvu ezisesondweni lamagama ukuqedela leli gama. (Ezimbili izinhlamvu sezivele zisetshenzisiwe.)  
**i \_ \_ \_ \_ b \_ \_ \_ \_**
- Mangaki amanye amagama ongawenza ulandela imithetho efanayo? (Khumbula: Uhlamvu oluphakathi nesondo KUMELE lube segameni ngalinye!)

Here's a word challenge!

- Follow the rules in the box and use the letters in the word wheel to complete this word. (Two of the letters have already been used.)  
**m \_ \_ a \_ \_ \_ \_**
- How many other words can you make following the same rules? (Remember: The letter in the middle of the wheel **MUST** be in each word!)



**Imithetho**

- Yenza amagama anezinhlamvu ezimbili noma ngaphezulu.
- Sebenzisa uhlamvu ngalunye kwezisesondweni kube kanye kuphela egameni.
- Njalo nje faka uhlamvu oluphakathi nesondo emagameni akho.
- Amabizoqho awavumelekile.



**Rules**

- Make words with two or more letters in them.
- Use each of the letters in the wheel only once in each word.
- Always include the letter in the middle of the wheel in your words.
- No proper nouns allowed.



**izimpendulo:** 2. isibonelo: funa, nazi, ukwala, ukudla, 2. ukwanda, kala, bhaka, khala, ziba, naka, ibhala, doba, ikha, ubala, landa, fukuza, bhukula, bala, baza, faka, dala, inda. 3. iphaphabhuku, izibonelo: iphaphu, uphaphu, iphaphu, phuka, ukupha, ukuphapha.  
**Answers:** 2. For example: let, it, at, rat, cat, race, 2. trace, lace, ice, rice, car, tar, ate, rate, late, real, year, teal, tear, tier, tile, care. 3. magazine.  
Examples: man, mane, name, game, gaze, amen, age, amaze.

**UNal'ibali** ulapha ukukukhuthaza nokukusekela. **Sithinte** noma kungeyiphi yalezi zindlela:  
**Nal'ibali** is here to motivate and support you. **Contact us** in any of these ways:

[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)

[nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://twitter.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA)

Produced by The Nal'ibali Trust. Translation by Mosekela Solutions. Nal'ibali character illustrations by Rico.



Drive your imagination

